



UNIVERSITY
OF
JOHANNESBURG

| | |
|--------------------------|---|
| <u>FACULTY</u> | : Humanities |
| <u>DEPARTMENT</u> | : African Languages |
| <u>CAMPUS</u> | : SWC |
| <u>MODULE</u> | : ZUF3BB3 ZULU FOR THE FOUNDATION PHASE 3B |
| <u>SEMESTER</u> | : Second |
| <u>EXAM</u> | : Supplementary Exam |

| | | | |
|---------------------------|------------------------------------|-----------------------|-------|
| <u>DATE</u> | : January 2019 | <u>SESSION</u> | : 1 |
| <u>ASSESSOR(S)</u> | : Mr A Cassiem Mr T M Madingiza | | |
| <u>MODERATOR</u> | : Mr G Coltman | | |
| <u>DURATION</u> | : 2 HOURS | <u>MARKS</u> | : 100 |

INSTRUCTIONS / IMIYALELO

1. Answer all questions on this question paper.
Phendula yonke imibuzo ekuleli phepha.
 2. You may answer in Zulu or English as required by the question.
Ungaphendula ngesiNgisi noma ngesiZulu ngokufanele.
 3. This paper consists of 8 pages.
Leli phepha linamakhasi ayisishiyagalombili.
-

QUESTION 1 / UMBUZO 1: Comprehension

Read the passage below and then answer the questions:

Fundisisa isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo eyilandelayo:

UDudu ulahlekile!

“Dudu is lost”

UDudu uneminyaka emine. Ufuna ukuya esitolo ukuthenga amaswidi, kodwa unina akavumi. UDudu uthanda amaswidi kakhulu. Isitolo asikude. Unquma ukuya khona nemali yakhe uma umama elele. Ucabanga ukuthi uzobuya ngaphambi kokuba unina avuke. Uphuma esangweni uyaqonda njalo. Unovalo. Umama uzothini?

Uma efika emahlukanandlela uthatha esobunxele, kodwa wenza iphutha. Kufanele ukuba athathe esokudla. Uqonda njalo. Akazi ukuthi wenze iphutha elikhulu. Uqonda njalo akaphambuki. Uqala ukukhathazeka. Akaziboni kahle izindlu. Unquma ukujikela ezibanini. Hawu ziningi izimoto! Ziyagijima futhi. Uyesaba ukushayiswa yimoto. Uqonda njalo. Ubheka eMpumalanga. Sekushaya u-5 ntambama manje. Ilanga liqala ukushona. Izithunzi ziyanda. Uqala ukukhathala. Umama uzovuka khona manje. Uzothini uma ebona ukuthi akekho uDudu? Ufika esiphambanweni. Ujikela kwesokudla. Siphi isitolo? Ilanga liyashona. Akasiboni isitolo. Akasenandaba namaswidi. Ufuna ukuya ekhaya. Uqala ukukhala. Izinyembezi zehla emehlweni. Ubona indoda esitiladini. Ubuza indoda, “Siphi isitolo mnumzane?” Indoda iyaphendula ithi, “asikho isitolo kule ndawo mntwana.” Indoda iyahamba, iyashesha iya ekhaya. Ayinandaba naye uDudu.

UDudu ukhuphuka ibanga elincane, Ukhathale kakhulu manje. Akazi ukuthi uphi. Akazi ukuthi uzokwenzani. Bonke abantu bayashesha. Ziningi izigebengu ezitiladini kusihlwa. UDudu uyesaba impela. Uhlala phansi eceleni komgwaqo. Ukhala kakhulu. Kuyabanda, umoya uyavunguza, kumnyama. Ulahlekile impela. Ukhumbula ikhaya nomama nobaba nenja yakhe. Izinyembezi zithi pho pho.

Qhamu, imoto iyaqhamuka ihamba kancane. Ifana nemoto. Iyema. Abantu baphuma emotweni beza kuDudu. “Mntanami, mntanami, wenzani lapha?” Ngabazali bakaDudu

laba. Bamgona umntanabo. Izinyembezi zehla ebusweni bukamama. Ubhalekeleni mntanami?"

"Amaswidi mama bengithi ngizothenga amaswidi mama. Ngiyaxolisa, ngiyaxolisa. Ngeke ngiphinde ngihambe ngedwa."

Hawu uyajabula uDudu ukuya ekhaya nabazali. Amaswidi wona? Cha, akasawafuni manje. Ufuna ukulala kuphela.

"Dudu is four years old. She wants to go to the shop to buy sweets but her mother does not allow her to. Dudu loves sweets a lot. The shop is not far. She decides to go there with her money when her mother is asleep. She thinks that she will be back before her mother wakes up. She leaves through the gate and proceeds straight. She's scared. What will her mother say?"

When she gets to the T-Junction she turns left, but she makes a mistake. She must take the right. She proceeds. She is not aware of making a big mistake. She proceeds straight not turning. She begins to get worried. She doesn't see the houses clearly. She decides to turn at the robots. So many cars! And they are speeding. She is scared of being bumped by a car. She proceeds. She looks east. It is now 5 in the afternoon. The sun is beginning to set, and the shadows are increasing. She is beginning to get tired. Her mother will wake up now. What is she going to say when she sees that Dudu is not there? She arrives at the crossroads. She turns right. Where is the shop? The sun has set. She does not see the shop. She no longer has any need for sweets. She wants to go home. She begins to cry. The tears are rolling down from her eyes. She sees a man in the street. "Where is the shop sir?" she asks the man. There is no shop in this place child" the man answers. He leaves, and goes home quickly. He is no longer concerned about Dudu.

Dudu goes up a little embankment. She is now very tired. She doesn't know where she is. She doesn't know what to do. All the people are in a hurry. There are lots of crooks on the streets in the dark. Dudu is really scared. She sits at the side of the road. She cries a lot. It is cold, the wind is blowing and it is dark. She is indeed lost. She remembers her home, her mother, father and dog. The tears are falling down.

Suddenly a car travelling slowly appears. It looks like her father's car. The people get out of the car and come towards Dudu. "My child, my child, what are you doing here?" It is Dudu's parents. They hug their child. Tears are rolling down her mother's face. "Why did you run away my child?"

"Sweets mom, sweets. I thought that I will buy sweets mom. I am sorry, I am sorry. I won't ever go walking on my own again."

Dudu is very happy to be going home with her parents. As for sweets, she no longer wants them now. All she wants to do is sleep."

(Story from "Sanibona II", Muller B and Mthethwa B, Noel Glass Press, Durban, 1983)

Questions / Imibuzo:

Answer in full sentences in isiZulu:

Phendula ngemisho ephелеle:

- 1.1 UDudu ufunelani ukuya esitolo? (2)
- 1.2 Isitolo sikude? (2)
- 1.3 Wenzeni umama ngesikhathi ephuma uDudu? (2)
- 1.4 UDudu wenzeni emahluke nandlela? (2)
- 1.5 Lenzani ilanga ngo-5 ntambama? (2)
- 1.6 Indoda imsizile uDudu na? (2)
- 1.7 Abantu basheshelani ngo-5 ntambama? (2)
- 1.8 Linjani izulu uma ehlala phansi uDudu? (2)
- 1.9 Uma efika ekhaya uDudu ufuna ukwenzani? (2)
- 1.10 Uma wena wenza iphutha uthini kubazali bakho? (2)

[20]

QUESTION 2 / UMBUZO 2

GRAMMAR / UHLELO: TENSE AND MOOD / INKATHI NENDLELA YESENZO

Read the passage below and fill in the detail as per example.

Funda isiqephu esingezansi ugcwalise imininingwane njengesibonelo.

Unina **wathi**¹, “konje ucabanga ukuthi uhlakaniphile wena na? Alikho iqili **elizikhotha**² emhlane.”

Nanso-ke indaba kaMaqinase. Nginitshelile **ngathi**³ nizoyithanda. **Nibabonile**⁴ noThisha **behleka**⁵. Kodwa **bengingaqondile**⁶ ukunikitaza nje. Ngifuna nonke nazi ukuthi **angibafuni**⁷ oMaqinase lapha esikoleni sami. Ngifuna abantwana **abalalelayo**⁸. **Ngifuna**⁹ abantwana abenza lokho abakutshelwayo. **Qondani**¹⁰ ezindlini zenu-ke.”

From: Nyembezi, S. 1989. *Igoda, Ibanga 2*. Lincroft books: Pietermaritzburg

The mother said, “So you thought that you are clever? There’s no clever one who can lick his own back”.

There it is the story of Maqinase. I told you all that you are going to like it. You also saw the teachers laughing. But I didn’t intend to only amuse you. I want you all to know that I do not want Maqinase and company here at my school. I want children who listen. I want children who do that which they are told to. Off you go to your homes!

- 2.1 For each of the bold and numbers verbs above, state the tense, mood and whether it is in the positive or negative (aspect).

Shono ukuthi zonke izenzo ezingenhla ezigqamile ezinenombolo, zikuyiphi inkathi, okunye zikuyiphi indlela bese usho ukuthi zikhomba ukuvuma noma ukuphikisa.

Example / Isibonelo:

Nginitshelile: Immediate past tense, Indicative Mood, Positive

Inkathi esanda kudlula, Indlela eqondile, Ukuvuma.

- | | |
|-----------------------|-----|
| 2.1.1 wathi | (3) |
| 2.1.2 elizikhotha | (3) |
| 2.1.3 ngathi | (3) |
| 2.1.4 Nibabonile | (3) |
| 2.1.5 behleka | (3) |
| 2.1.6 bengingaqondile | (3) |
| 2.1.7 angibafuni | (3) |
| 2.1.8 abalalelayo | (3) |
| 2.1.9 Ngifuna | (3) |
| 2.1.10 Qondani | (3) |

[30]

QUESTION 3 / UMBUZO 3

Study the picture on the next page. Construct a paragraph of ten sentences describing what you see in the picture.

Fundisisa isithombe ekhasini elilandelayo. Qamba isigaba esinemisho eyishumi lapho uchaza ukuthi ubonani esithombeni.



[20]

QUESTION 4 / UMBUZO 4

Choose ONE topic from the ones given below and write a short essay of not more than one page on it in isiZulu. Follow the instructions.

Khetha isihloko esisodwa kulezi ezingezansi ubhala indaba emfushane engeqi ikhasi libe linye. Landela imiyalelo.

- 4.1 Isifiso sami (*My wish*)
- 4.2 Ngenzeni ngamaholide (*What I did during the holidays*)
- 4.3 Ingxoxo phakathi nami nomngane wami nge- UJ (*Dialogue between myself and my friend about UJ*)
- 4.4 Ngo- 2019 kuzoba ukhetho (*In 2019 there will be elections*)

Instructions / Imiyalelo:

- a) Draw a detailed mindmap of your essay in your answer book (10)
Dweba uhlaka oluphelele lwendaba yakho encwadini yokuphendula.
- b) You will be assessed on the following:

Uzohlololwa yilokho:

- Content / okuquhethwe (10)
- Structure / isakhiwo sendaba (5)
- Grammar / uhlelo (5)

[30]

Grand Total: [100]

Isamba samamaki [100]